# ISIZULU SEPTEMBER CONTROL TEST PAPER 3 2021

ISIKHATHI: 2,1 HOURS
GRADE: 12

AMAMAKI: 100

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngaYINYE isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

## UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Kwakungelula Ukudlulisa Lesiya Simo. **[50]**

1.2 Umndeni Onenjabulo Uyisisekelo Somphakathi Ophumelelayo. **[50]**

1.3 Ukukhuluma Into Ongayazi Kuletha Izinkinga. **[50]**

1.4 Ubuhle Nobubi Bokufunda Ngasese Ube Usebenza. **[50]**

1.5 Abesifazane Bavikeleke Ngokwanele Yini Emiphakathini Yethu? **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-wwwgoogle.com] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Sekuphele iminyaka umalume wakho engenawo umuzi. Ekugcineni useze wakwazi ukuthenga umuzi omusha.

Bhalela **umalume wakho** incwadi umbongele. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

USilver Rita Makhenzi oneminyaka engama-40, ushone ngokukhulu ukuzuma. Umndeni ucele ukuba ubhale umlando wakhe njengoba senisebenze ndawonye isikhathi eside esibhedlela saseNkonjeni.

Bhala **umlando ngomufi.** **[30]**

2.3 **I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Ngesonto eledlule abangani bakho bacela ukuba nibe nomhlangano wokuqala/wokusungula i-*book club* ukuze nikhuthazane ngokufunda kanye nokwenza okunye kokuzithuthukisa. Kulo mhlangano bacela ukuba ube ngunobhala wawo.

Bhala **i-ajenda namaminithi omhlangano.** **[30]**

2.4 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

Udadewenu/umfowenu wenze umcimbi wokubonga ukuthola iziqu zobudokotela.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula njengelungu lomndeni kulo mcimbi. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **ISIKHANGISI**

Inkampani yakho ikhiqiza/yenza uhlobo olusha lwensipho yokugeza umzimba.

Bhala **isikhangisi** esihehayo sokukhangisa ngale nsipho. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

Njalo ngonyaka kunomncintiswano womjaho wamabhayisikili webanga lama-21 km obanjelwa eKapa. Kulo nyaka nawe ufuna ukuwungenela lo mncintiswano.

Bhala **idayari** yezinsuku ezintathu ngozokwenza ngaphambi kokuya kulo mncintiswano ozoba ngomhla ziyisi-5 kuJulayi 2021. **[20]**

3.3 **INKOMBANDLELA**

Buka umdwebo osekhasini elilandelayo bese ubhala **inkombandlela** ulandele imicibisholo esuka ezitebhisini zokungena esikoleni uze ufike egunjini lothisha lokuphumula.

